# OYEDWA ESIGIDINI

Ngiyabonga, Mfowethu Shakarian. Futhi sanibona ekuseni, bangani. Kuhle ngempela ukuba lapha eLos Angeles futhi kulokhu ukusa, ngaphambi kwalengqungquthela enkulu, nomhlangano ozayo waleliviki elizayo ngale eEmbassy Hhotela. Ngilindele ukunibona nonke laphaya. Futhi sonke silindele okukhulu ukuhlangana neNkosi yethu uJesu, ukuYibona laphaya. Yethembisa ukuthi Iyoba, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu," Iyobakhona.

2 Futhi nginesiqiniseko ukuthi ngihlangane naYo kulokhu ukusa lapho ngenyuka ngezitebhiso lapha kulelihholo elikhulu, ngenkathi bonke abantu bemagange, belindele ukudla kwasekuseni nokukhuluma. Futhi kuhle ukubuthana lapha nani, nasezethamelini zomsakazo. Baningi kakhulu phakathi lapha, badingeke ukuthi behlele kwiphansi elilandelayo, futhi ngikhulume kwabambalwa. Futhi ngabona izicelo eziningi kakhulu, abaphethwe yizinhliziyo, nezifwana ezehlukene zemizimba yabo, futhi silapha manje ukuba sikhulekele abagulayo nabahluphekile.

3 Lapho nje ngifika ngaphezulu ezitebhisini...Ngibuka umnumzane omdala ohloniphekile manje. Wenyukela kimi, wayesethi, "Mfowethu Branham, eminyakeni eyedlula..." Uthe wayephethwe yinhliziyo kabi kabi ngangokuthi u... babecabanga ukuthi wayezofa. Futhi ngaba nomkhuleko wakhe, nomusa kaNkulunkulu wamphilisa. Futhi nangu ukhona kulokhu ukusa, use le emashumini ayisishiyagalombili, nje ethokoza. Ngakho lokho kusenza sithathe ukubambelela okusha.

4 Futhi manje ngiyinxusa ngempela imikhuleko yabantu phandle ezweni lomsakazo, kanjalo nalapha. Emva kokuhamba kulomhlangano, ngiya e-Europe, ngehlele eAfrika nangakhona, emihlanganweni. Nalokhu kuhamba ngombono, ngakho kuzoba ngumhlangano omkhulu lapho, nginesiqiniseko. Futhi bengizizwela iminyaka ukuthi iNkosi ibifuna ngibuye. Encane ethobekile, inkonzo ethobekile Engiphe yona, angicabangi ukuthi Isiqedile impela ngakho okwamanje, laphaya. Kwabonakala sengathi kungahle kube nomphefumulo ndawondawo ebengingawubamba enethini yeVangeli, le Enginika yona ukuba ngibambe abantu ngenethi, ngendlela yokuphilisa kukaNkulunkulu, ngikhulekela abagulayo. Futhi ngiyinxusa ngempela imikhuleko yenu, nobabili nina bantu lapha nalabo abangaphandle ezethamelini zomsakazo.

5 Manje anginaso nje isikhathi sokuthatha indikimba futhi ngishumayele, engikulindele emva kwemizuzu embalwa lapha

e—e...lelihholo elikhulu, kodwa nje ukukhuluma ki—kini imizuzwana embalwa, sazane. Nakubantu ngaphandle ezweni, ngizocela umkhuleko ngalabo abangaphandle lapho, khona manje, naphakathi lapha futhi. Futhi ngijabula ngempela ukuhlangana nalaba abangani abahle abasha engingakaze ngibabone ngaphambili, nje ukuza ngixhumane nabo kulokhu ukusa.

6 Kade sinezikhathi ezinkulu ezinkonzweni kwezinye izindawo. Angisaphumi kakhulu, kumatasatasa kakhulu. Sizama nje ukugcina umgwaqo ushisa phakathi kweJeffersonville, Indiana neTucson, eArizona, lapho esagudlukela khona laphaya eminyakeni embalwa edlule, ngombono weNkosi, eyasithumela lapho, futhi, ngingazi lapho engangiya khona. Nabaningi benu lapha, eClifton's, ngakhuluma kini kancane ngaphambi kokuba ngihambe emhlanganweni wasePhoenix, ngombono owawufikile. Ngabona iziNgelosi eziyisikhombisa ziyisixuku.

7 Futhi ngiyazi, ezethamelini zomsakazo, mhlampe abaningi benu abasilo iVangeli eligcwele, nalokhu kungabonakala kuthe ukuba yimfihlakalo kancane kinina. Okungukuthi, bekungaba yiyo kimi, kodwa kukhona...Noma ubani ongachaza noma yini, awusadingi ukuyemukela ngokukholwa. Yizinto esingeke sazichaza, esifanele sizemukele ngokukholwa. Ngeke samchaza uNkulunkulu. Akukho-muntu ongachaza uNkulunkulu. Uyazibusa, futhi Mkhulu futhi unamandla. Thina nje si—thina nje siyakwemukela ngenxa yokuthi siyazi ukuthi Ukhona. Bese kuthi-ke ngokukholwa kwethu, ekukwemukeleni, Ubuyisa impendulo kithi, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

8 Okungukuthi, ngizokhuluma nje kini ngakho, emizuzwaneni embalwa lapha, ngokuthi, "Indlela kaNkulunkulu, indawo yokukhonzela." Nendawo kuphela ongaMkhonzela kuyo, indawo kuphela Ayoke ahlangane nawe kuyo, kune...Linye ibandla, inye indawo, sinye isikhathi, banye abantu, kukho konke uNkulunkulu ahlangana khona. Futhi ngethemba ukuthi iNkosi ibusisa uMlayezo ezinhliziyweni zenu lapha.

9 Manje, ngiza eTucson, kwakuxakile, leyomibono ikhuluma kini eGameni leNkosi. Akukho nowodwa wayo njengoba ngingahle ngikhumbule, nizobuza noma ubani omunye uma bengakhumbula noma ngasiphi isikhathi, Ake asho noma yiyiphi into ngaphandle kwalokho okwakuyiQiniso. Kwenzeka njalo ngayo nje indlela Athi kuyokwenzeka ngayo.

10 Futhi Ufanele, ngokwemiBhalo, ukubuyela kithi ngalolu izinsuku zokugcina, kuloluhlobo lwenkonzo. Lokho kuzoba semva kombhaphathizo kaMoya, nokukhuluma ngezilimi, nokuphilisa ngokukaNkulunkulu, kanjalonjalo, lezizinto. Ukuvalwa phezulu komlayezo wephentekoste yilokho esikhuluma ngakho namhlanje. Lenkonzo kaKristu uqobo

lwaKhe ifaniswa phakathi kwabantu baKhe, okuyizinto ezifanayo impela Azenzayo ngenkathi Wayelapha emhlabeni; eMzimbeni waKhe, uMlobokazi, oyinxenye yaKhe, enza izinto ezifanayo, njengeNdoda noMfazi, noma iNkosi neNdlovukazi, ngaphambi nje komgubho woMshado.

11 Leliviki, iNkosi ithanda, ngifisa ukukhuluma okunye ngalokho, phandle emkhankasweni wethu lapha, e—eEmbassy Hhotela, futhi kuthi nje ukwejwayeleka ngendlela yami ethobekileyo yokukwenza. I—isikhathi nehora esiphila kulo, uma umuntu engazi ukuthi uzoya ngaphi, ukuthi akenzeni noma ajike kanjani, a—awusahambi ngokukholwa nhlobo; uyaqagela nje, uyahlawumpisela. Noku *cabangela* kunguku—ku "qhubeka ngaphandle kwegunya langokomthetho." Ngakho uma singenalo igunya langempela langokomthetho ukwazi ukuthi uNkulunkulu wathi kuyokwenzekani ngalelihora, siyoze sibhekane kanjani nalelihora na? Futhi sifanele sibhekane nalo, sazi, ngokukholwa eZwini laKhe, izinto efanele yenzeke manje; nesimo sezizwe, isimo sabantu, isimo sebandla, kanjalonjalo.

12 Sifanele sikwazi lokho, nokuthi-ke uphume kanjani ubhekane nakho. Uma ungazi ukuthi kwenziwa kanjani lokho, u nje—nje owawuvame ukukubiza ngokuthi, uhlobo loku, ngokuhlofuza; nje ukuphampa phakathi, wethemba ukuthi kuzoba khona, wethemba *lokhu* nokwethemba *lokho*, nokuthi "kuyokwenzeka na?" Kodwa uNkulunkulu akafuni senze lokho. Ufuna sikwazi Akusho mayelana nalolusuku, bese-ke sihlangana nakho ngokukholwa, ngoba Wathi kuyoba ngaleyondlela. Manje-ke si—siyazi-ke ukuthi uyiQiniso, ngoba awunazwi lomuntu omunye ngakho; uneZwi laKhe lalokho esifanele sikwenze. Futhi sethemba ukuthi uBaba wethu waseZulwini uzo—uzosipha lokhu kuleliviki.

13 Manje, ngiyaxolisa ukuthi nginqamulile, kulokho ebengikusho emizuzwaneni edlule, mayelana nokuza eTucson. Futhi ngacabanga, qobo lwami, ukuthi kwase kungukuphela kwempilo yami. Ngacabanga ukuthi akekho owayengamela lokho kuzamazama kwalesosimo esenzeka kulowombono ngalokho kusa, cishe ngeleshumi nqo ekhaya, owayeyokwazi ukuba ake akwazi ukuphila emva kwalokho. Ngani, ngiza eTucson, ngenza amalungiselelo nendodana yami, omkami na—nabantwana ukuba bahambe nayo emva kokuba ngingasekho, ngoba ngacabanga ukuthi kwase kunguphela kwami. Futhi mina, ePhoenix, indoda emihlanganweni ngaphambi kokuba kwenzeke, nganitshela nje ukuthi kwakuzokwenzeka kanjani.

14 Awu, izinyanga ezimbalwa emva kwalokho, ngangisenhla eSabino Canyon ngokunye ukusa, okusenyakatho nje yeTucson. Ngangisenhla lapho ukuba ngikhuleke. Futhi ngenkathi ngisakhuleka, ngangiphakamisele isandla sami emoyeni, ngithi, "Baba, ngikhuleka kuWe ukuthi Wena ngandlela thize uzongisiza, unginike amandla, ehora manje engibhekene nalo.

Futhi uma umsebenzi wami usuphelile lapha emhlabeni, khonake ngifanele ngize kuWe. Futhi akusikho ukuthi ngiyakusola ukuza, kodwa ngiyazi ukuthi Uzonakekela umndeni wami. Futhi ngi—ngicela nje amandla alelihora." Futhi into ethize yashaya isandla sami!

15 Manje, zethameli zomsakazo, lokhu kungabonakala kuxakile engikushilo, kodwa kuyiqiniso. NoNkulunkulu ungumaHluleli wami.

16 Ngabuka esandleni sami, futhi kwakukhona inkemba, yayinesivikelo enxenyeni yesibambo. Nesibambo uqobo lwaso sasenziwe ngeparele, futhi nje sibukeka njengohlobo lwesivikelo esisagolide ngaphezu kwenxenye yesibambo. No—nomese qobo lwawo wawubukeka njalo sengathi wawuluhlobo olukhanyayo, o, into enjengekhromu noma into ekhazimula elangeni.

17 Manje, kwakuthi akube eleshumi noma eleshumi nanye nqo ekuseni, le esiqongweni sentaba. Ungazibonela nje ukuthi kungenzeka kanjani ukuba umuntu (ukuthi ngizizwa ukuthi ngikahle engqondweni yami) ngizizwe ngimi lapho nenkemba engaveli-ndawo, abantu amamayela ngamamayela, ubambe leyo ngesandla sakho. Ngayizwa, ngayithatha futhi umsiko ngawukhomba emuva naphambili, futhi, ngani, kwakuyinkemba.

18 Ngase ngiqalaza. Ngathi, "Awu, manje, kungake kwenzeke kanjani lokho na? Nakhu ngimi lapha, impela, lapha, futhi akukho-muntu oseduzane amamayela ngamamayela, futhi ivelephi leyo na?" Ngase ngithi, "Awu, Ngi—ngibona ukuthi mhlawumbe i—iNkosi ingitshela ukuthi sekuyisikhathi sami sokuphela."

NePhimbo lakhuluma lase lithi, "Lena yinkemba yeNkosi uqobo."

19 Ngase ngicabanga, "Awu, inkemba, kusho ukuthi ingenjengeyenkosi, ukuba ibekwe." Niyazi, ukuthi kwakwenziwa kanjani eNgilandi nezindawo ezehlukene. Ngacabanga, "Leyo ingeyalokho-ke, ukubekwa." Ngase ngicabanga, "Awu, mhlawumbe ngifanele ngibeke izandla phezu kwabantu, noma . . . " Ngiphatha zonke izinhlobo ze . . . Ingqondo yomuntu ingonakala yonke, niyazi. Anazi. Izingqondo zethu ingephelayo; eyaKhe ingengongenasiphelo. Ngakho, futhi njengoba ngangi, kwaku . . . Yase isuka esandleni sami futhi angazanga ukuthi yayaphi, yanyamalala nje. Ngani, uma umuntu wayengaqondi nokuncanyana mayelana nezinto zikamoya, u—ubuyohlanya kanjalo. Ubuyoma lapho, umangala ukuthi kwenzekeni.

20 Wayesethi, "Umbono awusiso isikhathi sakho sokuphela. Ungowenkonzo yakho. LeyoNkemba yiZwi. IziMpawu eziyisiKhombisa zizovulwa, izimfihlakalo ze . . . "

21 Kwase kuthi-ke emavikini amabili emva kwalokho, noma izinyanga ezimbili, njalo, emva kwalokho, ngangiphezulu entabeni nesigejane sabangani ngenkathi khona, kwenzeka. IziNgelosi eziyisiKhombisa, ngokucace nje njengoba nimi lapha, zafika zishwibeka zivela eZulwini. Amadwala ezintabeni agingqika futhi ehla emagqumeni, na—nabantu bemi lapho babempompoloza futhi beqhubeka, niyazi, nothuli luphuquka ndawo zonke. Futhi ngenkathi kwenzeka, Wathi, "Buyela ekhaya lakho. Manje kuzoba, iNgelosi ngayinye izoba ngenye yezimpawu zeziMpawu eziyisiKhombisa."

22 Okungukuthi, kuseteyipini. Nencwadi izophuma masinya impela nje, ngokuthi manje ithi ukulungiswa ukubhalwa nokukhulunywa kolimi. Njengoba nazi, indlela yami yokubhalwa nokukhulunywa kolimi ayiyinhle kahle, nabantu bebengeke. . . Nifanele nje nibe ngabantu abangithandayo nabaziyo ukuthi bafanele bangiqonde kanjani ngendlela yami yokubhalwa nokukhulunywa kolimi. Kodwa omunye usiyazi wezenkolo ungilungiselela yona ngokubhalwa nokukhulunywa kolimi, futhi ekhipha bonke o—o. . . Awu, mhlawumbe ngisho igama elingalungile lapho. Angazi ngisho. Ngakho, ngizwe omunye ehleka, ngakho ngiqagele lokho "kuhlela ukubhalwa nokukhulunywa kolimi" bekungalungile. Kodwa njengomDashi, ngithathe ngalokho engikuqondile futhi hhayi lokho engikushoyo, ngempela.

23 Futhi nje sekuyimizuzu emithathu manje, ngiyatshelwa, kuye ekuvalweni kohlelo.

24 Manje, ninabantu abathandekayo ngaphandle ezweni lomsakazo, nawe ogulayo nodingayo lapha ezethamelini, ningazibeka nje izandla zenu phezu komunye nomunye manje sisenalelizwi lomkhuleko wabagulayo. Manje, uJesu wathi, ukuthuma kwaKhe kokugcina eBandleni, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." "Aba," abakholwayo! "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda."

25 Baba waseZulwini Othandekayo, sinjengabantwana namhlanje, sihlonipha ngokulalela lokho Owathi akwenziwe. Sibeka izandla zethu phezu kwazo zonke lezizicelo zikathelefoni. Wena uyazibona phandle ezweni phandle lapho, ukuthi badinga kanjani, abahluphekayo. Uyababona labo lapha abadingayo, abahluphekayo. Futhi sibanikela kuWe, Nkulunkulu Othandekayo, ngalokhu ukukholwa eZwini laKho ukuthi Wena uthe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Siphe khona, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

[UMfowethu Branham uqeda ukusakaza komsakazo kokuqala—Umhl.]

☆ ☆ ☆ ☆ ☆ ☆ ☆

26 Ngiyabonga, Mfowethu Shakarian. Kuyinhlanhla enhle ngempela ukubuyela futhi ekusakazeni, ukukhuluma kwabanye babangani bethu phandle ezweni lomsakazo, kanjalo nabakhona lapha.

27 Futhi impela selulela lesisimemo kini, ukuba nize eEmbassy Hhotela kusasa ntambama, ukuba nikhulekelwe. Futhi kungabi yilokho kuphela, kodwa nilethe labo oyizoni nalabo abahlubukile. Uma nje sinomkhuleko wabagulayo, futhi siyambona uNkulunkulu elokhu eqhubekile enza izimangaliso ezinkulu, kodwa lokho kungokwesibili. Into enkulu ngukusindiswa, ugcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, engizokhuluma ngawo kini emizuzwaneni embalwa nje lapha, nokwanela ukuthi sifanele sigcwaliswe kanjani ngoMoya kaNkulunkulu.

28 Nokuphilisa kukaNkulunkulu ngokwejwayelekile kudonsa ukunaka kubantu, bese kubaletha eBukhoneni bukaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu enza into ethize a—abaziyo ukuthi i un-. . . awu, akuqondwa. Ngeke sakhombisa ngokomshini ukuthi kwenziwa kanjani. UNkulunkulu ukwenza ngendlela yaKhe uQobo enkulu. Bese-ke lokho kuheha ukunaka kwabantu, ukuba bazi ukuthi kukhona uBukhona baMandla ndawo ndawo, obungenza into ethize engaphambili le kokuqonda komuntu, nalokho kubabangela ukuba babuke eWundlwini likaNkulunkulu. Futhi njalo, ukuphilisa kukaNkulunkulu; ngitsheliwe, futhi ngiyakholwa, qobo lwami, ukuthi cishe phakathi kwamashumi ayisithupha, mhlawumbe, namaphesente angamashumi ayisikhombisa, enkonzo yeNkosi yethu, ayesekuphiliseni kukaNkulunkulu. Futhi Yenza lokho ukuheha abantu. Kwase kuthi-ke ngenkathi belapho, Yathi, "Uma ningakholwa ukuthi NginguYe, niyobhubhela esonweni senu."

29 Manje, ukuphilisa kukaNkulunkulu kuyikhadi elikhulu elidonsayo, ukuthola abantu ukuba babuke eNkosini uJesu. NoDokotela F. F. Bosworth, abaningi benu ayengumngani kuye, futhi nimazi, nenkonzo yakhe yayisho lukhulu kimi njengomfundisi osemncane. Ngaqala ukuphuma emihlanganweni yami, futhi ngangigijimela kuMfowethu Bosworth. Wayevamise ukuthi, "Ukuphilisa kukaNkulunkulu," sekuyinkulumombiko ethe ukungabi nanhlonipho kancane manje, wathi, "Ukuphilisa kukaNkulunkulu kuyisicupho ehhukwini lenhlanzi." Wathi, "Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku. Uyikhombisa isicupho, bese-ke ilandela isicupho bese ibambeka ehhukwini." Ngakho yilokho esizama ukukwenza. Leyo ngeyethu . . . thina . . . Injongo yethu ngukuthola abantu baye eNkosini uJesu Kristu. Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngakho uma WayenguMphilisi ezinsukwini ezedlulayo, UnguMphilisi namuhla.

30 Ubufakazi obuqondene nami nje ngaphambi kokuba ngikhulekele abagulayo phandle ezweni lomsakazo. Kwakusezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangihlezi phezulu ezintabeni lapho into enkulu yayenzeke khona phambi kwabayishumi nanhlanu noma abazalwane abangamashumi amabili lapho, lapho iNgelosi yeNkosi yehla khona impela, nokuKhanya okukhulu kundiza njengenkanyezi enomsila, kuqhuma kuzungeza kudabula ezintabeni, namadwala ebhiza amafidi angamakhulu amabili, noma ngaphezulu, enqamula umhlaba, enquma amachopho ezihlahla. Futhi ngangimi phansi kwaKho ngqo. Futhi ngabatshela ezinyangeni ezimbalwa ngaphambi nje kokuba kwenzeke, ukuthi kuyoba lapho nokuthi kuyokwenzekani; eqinisweni, kwashiwo ngayizolo. Nawo onke lamadoda egijima eya phansi kwamatrakhi nayo yonke into, ezama ukubaleka. Ayengazi ukuthi kwakukade kwenzekeni. Futhi Yakhuluma yase isho ukuthi kwakuzokwenzekani masinya impela nje kamuva.

31 Ngihlezi phezu kwalelidwala elithize lapho, khona impela lapho Eyayikade ibonakale khona, ngangino—nomngani owayekanye nathi, owayekade ehlile evela eMinnesota. Abantu bakubo balapha kulokhu ukusa kodwa anginasiqiniseko kodwa ukuthi angahle abe lapha kwezinye zezinye izindawo eziphansi. KwakunguDonavon Weerts, nomfo osemncane okahle, umLuthela owayesanda nje kunikela impilo yakhe kuKristu futhi wagcwaliswa ngoMoya. Umfana weJalimane ozithobe impela, ethi akabe neminyaka engamashumi amathathu ubudala, umndeni, ababili noma abantwana abathathu abancane. Wathuthela ezansi eTucson ukuba nje sibe ngomakhelwane nami, lapho amakhulu amathathu noma amane ayethuthile angena ukuba abe ngomakhelwane. Ngakho u. . .

32 Futhi ngiyajabula ukuba nomakhelwane abanjalo. Bangilandela baze bayofika le eNingizimu Afrika, nandawo zonke jikelele, nje ukuba seduzane nokubona i. . . nami, nokuba nami futhi bajabulele izinjabulo zeNkosi.

Umfo ozithobe kanje, ngangingakaze ngimqaphele kakhulu impela.

33 Kusobala, abantu engibaziyo nengizihlanganisa nabo banjengomfowethu nje uqobo, udadewethu. Ngiyababhekisisa, futhi ngizwe uma bephuma emgqeni, bese ngibathatha ngibabuyisela eceleni bese ngikhuluma nabo, ngoba ngiyabathanda. Sifuna ukuhlala eNkazimulweni ndawonye. Futhi ngezinye izikhathi mhlawumbe, emihlanganweni, nicabanga ukuthi ngikhuluma ngokunikhahla. Lokho akusuki kukho. Lokho akusikho ngoba nginganithandi, kodwa kuvela enhliziyweni yami, ngoba ngi—ngi . . . Kufanele nje kube yindlela eyodwa. Yinye kuphela indlela yokukhonza uNkulunkulu,

naleyo yi . . . Futhi sifanele sihlale endleleni yaKhe, akunandaba ukuthi imicabango yethu uyini. Indlela yaKhe!

34 Futhi ngamqaphela uDonavon, esihlokweni sangakwesokudla sendlebe yakhe, yayivuvukele mhlampe ngokuphindwe kathathu ebungakweni bayo, futhi ibukeka ibomvu impela. Awu, manje ngicabanga ukuthi mhlawumbe kwakukade kusogwadule izinsuku ezimbalwa, ukuthi sasikade silapho, ukuthi mhlawumbe wayekade ethole umdolofiya endlebeni yakhe. Kodwa, ngibamba isandla sakhe, ngathola ukuthi kwakungumdlavuza. Ngakho ngathi kuDonavon, ngathi, "Donavon, ngabe u . . . Sekuyisikhathi esingakanani lokho kusendlebeni yakho na?" Nje ukuthi ukumlahla, sengathi ngangingazi. Ngathi, "Sekuyisikhathi esingakanani lokho kulapho, Donavon?"

Wathi, "Mfowethu Branham, cishe izinyanga eziyisithupha," washo.

Ngathi, "Awukuphathanga ngani kimi na?"

35 Wathi, "O, ngokubona ukuthi umatasatasa kakhulu," wathi, "Bengingafuni u—ukukwenza." Wathi, "Ngicabange nje ukuthi mhlawumbe hleze iNkosi ingahle ikutshele."

Ngakho ngathi, "Uyaqonda ukuthi kuyini na?"

Wathi, "Nginombono okahle."

Ngathi, "Kunjalo."

36 Futhi ngokusa kwesibili. Kungengaphezu kwalokho, ngibambe umfana ngesandla; ngokusa kwesibili, kwakungekho ngisho nesibashu endlebeni yakhe. Wawungasekho wonke nya.

37 Izikhathi eziningi kakhulu siyacindezela, sizama ukufinyelela ku *lokhu*, *lokho*. Noma . . . Niyabo, kungukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakulandela ikholwa." Akushongo ukuthi "uma bebengakhulekela abagulayo." "Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda!" Sifanele sibe nokukholwa, qobo lwethu, kulokho esikwenzayo. Kulungile.

38 Ngakho manje uDonavon cishe ulapha. Nizobonana naye. Uzoba lapha. Uzoba lapha kulokhu ukusa, kwezinye zezindawo eziphansi. Nizobonana naye, futhi uzobazi ubufakazi.

39 Futhi yini enye ebengingayisho na? Ngikholwa ukuthi uLuka, noma uJohane, oyedwa, wathi izwe lalinge con- . . . bambe, liqukathe izincwadi ezazingalotshwa zalokho Akwenzile phakathi kwabantu ngalolu izinsuku zokugcina; ukuthi ogulayo uphiliswe kanjani, abahlulwa wuphuzo bakhululwa, ngezinkulungwane zabo, nazo zonke izinhlobo zezifo nezinhlupheko.

40 Manje, nina eniphandle ezweni lomsakazo, kanjalo nalapha, ngiphethe lapha manje umthamo omkhulu wezicelo ezingena ngefoni kulokhu ukusa, njalonjalo ikhala selokhu

sibe lapha. Futhi ngakho si. . .Izicelo eziyikhulu namashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha singenile kulokhu ukusa, ngefoni, selokhu sibe phakathi lapha. Ngakho masihlanganyele emkhulekweni manje njengoba ngamunye. . .Noma ngabe nikuphi, phandle ezweni, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, uma ningamakholwa. Uma ningesiwo, beka isandla sakho phezu kweBhayibheli noma into ethize phandle lapho, sisakhuleka lapha nalapho.

41 Baba waseZulwini othandekayo, ubufakazi obuncane bukaDonavon Weerts, obubodwa nje bezinkulungwane, Nkosi, Wena ngomusa kakhulu u. . .Ngikhulekela ukuthi uzobuka phansi ezinhliziyweni zabantu ndawo zombili lapha nasezweni lomsakazo. Futhi kwangathi bona, bonke, bangaphiliswa. Kwangathi omubi angabayeka, futhi kwangathi bangakhululwa kukho konke ukuhlupheka kwabo. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho, siyakucela. Amen. "*SiyaKubonga, Nkosi. . .*" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

[UMfowethu Branham uqeda ukusakaza komsakazo kwesibili—Umhl.]

☆ ☆ ☆ ☆ ☆ ☆ ☆

42 Awu, lokhu okwesithathu kimi phezulu lapha kulokhu ukusa. He! Futhi, niyazi, kusanda kushiwo nje ukuthi sifanele siphume endlini cishe kweyishumi nambili, imizuzu eyishumi nane, noma okuthize. Nabaphathi bashilo, okwenye indawo ephansi lapho, futhi ngeke bakwazi ukuphaka ukudla. Ukudla kwethu kweluliwe. Sinezigaba eziningi zokudla, niyazi. Ngakho sijabula kakhulu, kakhulu ukuthi sibe naleli lokomoya ijubili lolwazi lokudla okuhle, njengoba bengingakubiza, kulokhu ukusa lapha nalesisigejane esikahle samadoda.

43 Ngithanda uku—ukukuphatha ukuthi si. . .izinkonzo futhi, kusasa ntambama, ngale eEmbassy. Manje, sizobe sikhulekela abagulayo lapho, futhi silindele uNkulunkulu ukuba ahlangane nathi. Futhi ngize ukuzofaka inxenye yami, inkonzo yami, ekwenzeni (konke esingakwenza) lomhlangano ukuba ube yimpumelelo. Hhayi impumelelo ngoba kungumhlangano wethu, kodwa impumelelo yabantu bethola uJesu Kristu. Leyo yimpumelelo. Noma yimiphi imihlangano, akunandaba ukuthi simdumisa kangakanani uNkulunkulu, ukuthi zingaki izinto esiMbona ezenza, ukuthi Ukhuluma kangaki kithi eMoyeni, kanjalonjalo; ngaphandle uma kukhona okuzuzwayo, eminye imiphefumulo yangeniswa eMbusweni!

44 NoMfowethu Shakarian manje nje wenze i—inkulumombiko yangempela nje manje ukuthi wayecabangani ngalezizinsuku esi—siphila kuzo. Ngikukholwa ngempela lokho ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi nje siphila esikhathini sokuvala, nje e. . .nje emathunzini akusihlwa. Ilanga seliqhubeke kakhulu. Futhi uma sibona izinto zenzeka indlela eziyiyo namhlanje,

ngani, kul'khuni ukusho ukuthi esinye isizukulwane siyolethani. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule . . .

45 Ake nje ngininike into ethize engaphakathi encane. Benze izihlaziyo eArizona yonke, lapho engakhe khona, zazo zonke izikole. Banika abantwana, ngokungazi kubo, ukuhlolwa kwengqondo. Futhi qagelani uk'thini? Kubandakanywa nezikole eziphakeme ne—nezikole zokubhalwa nokufundwa kolimi, kwabakhona amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili abantwana abaphethwe ukusilela kwengqondo. Amaphesente angamashumi ayisikhombisa azo kwakungababukeli betelevishini. Niyabo, ububi, futhi nje bathi shelele phezu kwethu futhi asi . . . Niyamangala ukuthi kungani kufika. Ningalizwa iPhimbo likaNkulunkulu limpompoloza limelene nayo, kepha nokho lapha si—sizithola sibambeke okwendlu yolwembu kuyo.

46 Ake ngininike into ethize ethusayo. Niyabo, "Akusibo bonke abashoyo kiMi ukuthi, 'Nkosi, Nkosi,' abayakungena, kuphela owenza intando kaBaba waMi." Intando yaKhe yiZwi laKhe. Singaba ngabanenkolo kakhulu njalonjalo, sibe nezikhathi ezinkulu, simemeza, sigxuma, kulemihlangano, esi . . . Angi—angifuni ukuba ngogxekekayo. Kodwa ngino—nomsebenzi wokuba ngiwenze kuNkulunkulu, nalowomsebenzi ngukuba qotho nokusho lokho Afuna ngikusho. Futhi ngi—ngibonga ngempela ngabakhulu besonto baseCalifornia abangibekezelele e—ezinkolelweni zami. Uma ngingazikhulumi izinkolelo zami, ngingumzenzisi futhi manje angethembekile ngisho nakini. Futhi uma ngingenakwethembeka kini, ngizokwethembeka kanjani kuNkulunkulu, ngoba ngiyanibona futhi ngikhuluma kini. Kusobala, besingakwenza kuNkulunkulu, futhi, kodwa sifanele sibe qotho ngempela futhi sethembeke komunye nomunye. Impela siko—kowesabekayo, unyaka osabekayo. Futhi ngabe senake nama . . .

47 Nje ake ngininike nje izihlaziyo ezincane. "Asibo bonke abashoyo kiMi ukuthi, 'Nkosi, Nkosi,' abayakungena lapho; kuphela owenza intando kaBaba waMi." UJesu wathi, emhlabeni, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke." AmaZwi onke! Hhayi nje ngazikhathi, iZwi, kodwa ngamaZwi onke.

48 KwakuyiZwi elilodwa elakholwa ngokungesikho, ngokaNkulunkulu . . . lemiyalo kaNkulunkulu, elabangela ukufa, ukudabuka, nakho konke ukugula nosizi, ukugeja iZwi likaNkulunkulu, iZwi elilodwa! Uma ethathe isintu wasifaka ekufeni, ngokugeja, ukukholwa ngokungesikho iZwi elilodwa, "impela," impela. Kodwa Wathi kuyokwenzeka. USathane wathi, "Impela kungeke." Kodwa kwenzeka.

49 Ngakho, sifanele siwagcine onke amaZwi kaNkulunkulu. Futhi uma umuntu nakho konke lokhu ukuhlupheka nezinto

ezaya esintwini, ngokuhlanekezela, noma—noma ukukholwa ngokungesikho iZwi elilodwa, sibuyela kanjani ngokugeja eliLodwa, uma kwabiza yonke lentengo, ngisho nokuphila kweNdodana yaKhe na?

*. . .baningi ababiziweyo,. . .bayingcosana abakhethiweyo.*

*. . .baningi ababiziweyo,. . .bayingcosana abakhethiweyo.*

50 Ngeke ngathatha indikimba kulokhu, kodwa ngoba asinaso isikhathi, kodwa nje ukunishiya nento ethize. Asicabange nge. . .

51 Ngahamba ngolunye usuku noMfowethu Shakarian, lapho ababebhastelisa khona izinkomo. Futhi ngabona i—i. . .endlini yokucwaningela lapho uMfowethu Shakarian ayengithathe wangifaka khona, Futhi bacwilisa isidoda senkomo yeduna, okuncane nje. . .njengethuluzi elincane, isiqu sikametshisi, bese bephakamisa isiqhoqho salesosidoda, base besifaka phansi kwaleglasi esandisayo ngokuphindwe kamakhulu. Futhi kwakukhona izimbewana zigxuma kulokho, kulesosidoda. Okungukuthi, siyazi imbewana ivela esiliseni, neqanda livela esifazaneni. Futhi ngabuza usokhemisi lapho, ngathi, "Yini leyo eyenza lokho kugxuma okuncane kanjalo na?"

Wathi, "Lokho yi—lokho yizinkunzi ezincane namankonyane." Niyabo?

Ngase ngithi, "Kuleloconsi elincane na?"

Wathi, "Yebo."

52 Ngathi, "Mhlampe-ke esidodeni sonke kuyobakhona isigidi sazo na?"

Wathi, "O, ya." Niyabo? Ngase ngibhekisisa ngokusondela.

53 Manje, uma lento enkulu yenzeka, kukhona iqanda elilodwa elilindele imbewana eyodwa kulesosigidi. Futhi akekho ongasho ukuthi yiyona yiphi leyombewana, noma yilona liphi leloqanda. Uma ubuzobhekisisa ukuzalwa kwemvelo, kuyimfihlakalo kakhulu kuno. . .kunokuzalwa yintombi. Ngoba, kulesisidoda, iyodwa phakathi lapho emiselwe ngaphambili ukuba iphile, futhi zonke ezinye ziyofa. Futhi akusiyo eyokuqala edibanayo; ngeyokuqala ehlangana kanye neqanda. Mhlawumbe iqanda lingavuka lisuka ngemuva kwesidoda, noma maphakathi nesidoda; imbewana ingenza okufanayo, iqanda. Imbewana ihuquzela iyongena eqandeni, nemisila emincane bese iyasuka kuyo, bese kuthi lapho kuqale umgogodla. Kukhona eyodwa kuphela kuwo wonke lowomthwalo, wesigidi, ezophumelela, yinye kuphela; futhi leyo inqunyelwa ngomunye uMfutho ongaziwayo, kumuntu. Nokho nina, nonke, niyafana, zonke zalezozimbewana ziyafana nje. Into efanayo ezilwaneni. Into efanayo kumuntu. Uyanquma noma kuzoba ngumfana,

intombazane, enekhanda elibomvu, ikhanda elimnyama, noma ini. Inqunyelwa nguNkulunkulu. Zonke zibukeka zifana, ngokwemvelo, kodwa iyodwa phakathi lapho emiselwe ukuphila; eyodwa esigidini, nokho zonke ziyafana.

54 Ngenkathi uIsrayeli esuka eGibhithe, kwakukhona cishe abantu abayizigidi ezimbili abasuka ngesikhathi esifanayo. Bonke bawuzwa umlayezo womprofethi. Bonke bayibona iNsika yoMlilo. Bonke babhaphathizwa kuMose, oLwandle oluBomvu. Bonke bamemeza bese—beseMoyeni, bashaya izigujana amatamborini futhi bagijima behla benyuka nogu, benoMiriyamu, ngenkathi uMose ehlabelela eseMoyeni. Bona, bonke, baphuza eDwaleni lomoya elifanayo. Bona, bonke, badla iMana eseyintsha njalo ebusuku. Bonke! Kodwa kwaba nababili abaphumelela ukufika ezweni, oyedwa esigidini.

55 Kwakuyini ukuhlola na? Bonke baphuza eDwaleni elifanayo, bonke badla iMana yomoya eseyintsha njengoba sidla kulokhu ukusa, kodwa ukuhlola kweZwi kwabavivinya. Ngenkathi sekufika esikhathini saseKadeshi-barineya, ngenkathi sebeqala ukuwelela ezweni lesithembiso, futhi babengenakuwela baze bahlolwa ngeZwi. Nalo lonke e—elinye ishumi labuya, lase lithi, "Ngeke saphumelela! Abantu bafana . . . Sinjengezintethe, kubo, umuzi wabo omkhulu obiyelwe ngezindonga. Esimelene nabo bakhulu kakhulu."

56 Kodwa uJoshuwa noKalebi babathulisa abantu. Bathi, "Sinamandla adlulele okukwenza!" Ngani? UNkulunkulu wathi, ngaphambi kokuba bashiye ezweni lesithembiso, "Ngininike izwe. Ngilinike nina. Ngelenu." Kodwa babemunye esigidini ngasinye.

57 Kukhona cishe izigidi ezingamakhulu amahlanu ezibizwa ngamaKristu ezweni namhlanje, futhi usuku ngalunye luqeda isizukulwane. Futhi manje, ukuba-ke uHlwitho belungafika namhlanje nabantu abangamakhulu amahlanu, umhlaba jikelele, bayiswe oHlwithweni na? Ubungeke neze wazi noma ngisho ubone ephepheni, ngabo behamba. NokuFika kweNkosi kungukuFika okuyimfihlo. Iyofika futhi inyenye. Kuyoba yingcosana impela ngesibalo, kuze . . .

58 Njengoba nje kwakunjalo ngezinsuku lapho abafundi bebuza uJesu, "Basholoni abaBhali ukuthi—ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?"

Wathi, "Usefikile vele, futhi anizange nikwazi."

59 Nake nacabanga ukuthi abantu benzani na? Baqhubeka ngqo bekholwa ukuthi uMo- . . . ukuthi uEliyase wayeza. Futhi wayephakathi kwabo ngqo, futhi abakwazanga.

60 Kuyoba njalo nasekuFikeni kweNdodana yomuntu! Benza ngaYo into efanayo nje. UMoya kaNkulunkulu ulapha. Awu, sizokwenzenjani ngaWo na? Ngabe sizodla iMana, kanjalonjalo, futhi singenyukeli ngokuqhubekayo lapho sikhula na?

61 Senike nayiqaphela imbewu, njengoba uMfu. Mhlonishwa Pitts ubekhuluma emizuzwaneni embalwa edlule, nokuthi imbewu ingena kanjani emhlabathini na? Izimbewu eziningi zilapho emhlabathini. Ngenkathi uNkulunkulu ehamba phezu kwamanzi, ngokuKhanya, nokuKhanya kwaveza. UBukhona bukaNkulunkulu bokuqala, ukuKhanya okukhulunyiwe kwafika ngeZwi likaNkulunkulu. NeZwi likaNkulunkulu liyiyonanto-kuphela esalokhu iletha ukuKhanya. Futhi ngenkathi amanzi amaningi ebuyela emuva, imbewu yayisivele isemhlabathini, nokuKhanya kwaveza kuphela izimbewu ezasala zinembewana kuzo, ziyavela. UNkulunkulu enza okudaliweyo kwaKhe.

62 Futhi manje, ngePhasika ekuseni kwakukhona okunye ukuKhanya okwashaya umhlaba, ngenkathi uMoya oNgcwele unikezwa. Futhi Unikezelwa ukuletha ukuKhanya kulezo ziMbewu okwathi uNkulunkulu, ngokwaziphambili kwaKhe, wazi ukuthi ziyoba lapha emhlabeni. Njengoba Azi imbewu yokuqala yemvelo, Uyazi ukuthi iMbewu yomoya ikuphi. Umzimba wakho wawulele lapha ngayo leyonkathi emhlabeni, ngenkathi uNkulunkulu kuqala eletha umhlaba ukuba ubekhona. Siyinxenye yomhlaba. Sasilele lapho. Futhi ngokwaziphambili kwaKhe Wayazi kahle hle ukuthi ubani oyoMtha nda nokuthi ubani oyoMkhonza, nokuthi ubani ongayikukwenza. Ukwaziphambili kwaKhe kuyakusho lokho. Uma kungakutsheli, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Angebe nguNkulunkulu ngaphandle kokuba ngongenasiphelo. Futhi uma Engongenasiphelo, Wazi izinto zonke.

63 Ngakho, nibona abantu benza ukweduka kwabo. Bayakhubeka kukho. Bagijimela kukho, futhi bacabanga *lokhu* na *lokho*, kodwa akusebenzi kahle, siyakubona. Kodwa kukhona ukusebenza kahle, lokho ngukuthola intando ephelele kaNkulunkulu bese uma kuyo, leyo uNkulunkulu akubizele yona.

64 Njengoba uMfowethu Jack eshilo emizuzwaneni embalwa edlule mayelana nasezansi lapha e—ePersian Square, konke ukudideka. Omunye *le* ndlela, nomunye *leyo* ndlela; namayelana nosiyazi bezenkolo, kanjalonjalo, ukuthi nifuna ukwazi isayense yezenkolo ethize, nehlele lapho.

65 Ngiqagele lokho nje kuthi akufane njengoba kunjalo eHyde Park eLandani. Ngangisezansi lapho, wonke umuntu unowakhe umbono. Yisi—yisibumbatha sosuku lwezwe lesimodeni eBabiloni.

66 Kodwa niqaphelile njengoba—njengoba uMfowethu Pitts eqhubekile nomlayezo wakhe othandekayo kulokhu ukusa kithi na? Lapho eqala ukuphuma epaki, lapho uthole umnduze wePasika omncane. "Phakathi kwakho konke ukudideka," njengoba ewulethe kithi, "ubungenandlela yokuthi 'yebo'

noma 'qhabo.' Bekungukuphila kukaNkulunkulu kukhanya kuwo, phakathi kwakho konke ukudideka." Ubulapho ekumomothekeni kwawo, ngoba uNkulunkulu wayewumisele ukuba ube lapho. Phakathi kwakho konke ukuxabana, akekho obewuqaphela. Abakubonanga ukusebenza kokomoya kwawo.

67 Futhi kunjalo nanamhlanje phakathi kwayo yonke imibuthano yethu emikhulu namaqembu, namabandla namahlelo, kanjalonjalo. Omunye udonsa nga *le* ndlela, "Sifanele sibe amaBaptisti, noma amaPresbyterian, sifanele sibe yi *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Phakathi kwakho konke, kukhona imbali ekhulayo. Kukhona amandla kaNkulunkulu phakathi kwethu ngqo, avuswayo ngqo phakathi kwethu sonke. Ake sime nje futhi siyibheke, imizuzu embalwa, futhi siyibhekisise kuleliviki, futhi siyibone isombuluka phakathi kwethu ngqo. Sikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Anikholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

68 Ngiyabona ukuthi sifanele ngabe sisesitezi esiphansi njengamanje. Ngakho asikhuleke, ngamunye wethu.

69 Nkulunkulu othandekayo, uma sikhothamisa amakhanda ethu eBukhoneni baKho, siyezwa ukuthi sizizwa singenele kakhulu ukucela. Kodwa Wasethembisa lokho, uma siyoza, Awuyikusenqaba. Nalezizinkulumombiko ezil'hlaza ezisanda kwenziwa nje, aziqondiwe nhlobo ukuba zibe yimfundiso, "oyedwa esigidini," kodwa nje uhlobo lokukhumbula. Ngokuba Wena wathi:

> . . .*isango lincane, nendlela iyingcingo, eyisa ekuphileni, ba*yoba *yingcosana* lapho abayo*yifumana*.
>
> *Ngokuba baningi ababiziweyo, kepha bayingcosana abakhethiweyo*.

70 O Baba waPhakade, thumela ukuKhanya kweVangeli kulolonke lelidolobha, kulolonke leliviki elizayo lengqungquthela. Futhi uma ikhona iMbewu, ngandlela thize ngokwaKho uQobo okukhulu, ukuhlinzeka okuhlakaniphileyo, njengokuzama ukubonisa ngokukwenza esidodeni sesilisa nesifazane, kwangathi bangagingqikela engqungqutheleni. Kwangathi uMoya oNgcwele ungabanika ukuKhanya. Siyaqonda ukuthi isikhathi mhlampe sesedlule kunoma sicabanga ukuthi sinjalo. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi njengoba siza lapha, nje sikholwa ukuthi mhlawumbe kukhona into ethize lapha ebingenziwa ebizosiza abantu, noma—noma ibambe leyomvu yokugcina. Siyazi, uma isibaya sezimvu sesigcwele, khona-ke uMelusi wezimvu uyovala umnyango.

71 Njengoba kwenzeka njengasezinsukwini zikaNowa, ngenkathi ilunga lokugcina lomndeni lingeniswa, uNkulunkulu wavala umnyango. Futhi bashaya futhi bagqonqa, kodwa isikhathi sasesedlule. Nkulunkulu othandekayo, babenethuba.

Wena wathi, "NgiyilowoMnyango kuso isibaya sezimvu."

72 Futhi lethusa kanjani iculo elivela kwimbongi, "Amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye awenele kuWe na? Kodwa, qhabo, yayisekhona eyodwa." Ingahle ibe yimvu emnyama encane, noma owesilisa angahle abe ngomncane ongemuntu, kungahle kube ngowesifazane omncane noma owesilisa. Asazi ukuthi bakuphi, kodwa lowo wokugcina ufanele angene uyobe usuvalwa-ke umnyango. O Nkulunkulu, Owazi izinto zonke, hlola izimpilo zethu kulokhu ukusa. Bese usithumela noma yikuphi lapho esingaya khona, ukuze sithole lowo wokugcina, ukuthi umnyango uzovalwa noMelusi wezimvu engaphakathi nezimvu. Siphe khona, Nkosi. Uma ibakhona leyo namhlanje, uma leyo efanele ingene . . .

73 "Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi. Futhi akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsanga."

74 Futhi uma kuba khona ukudluthula, noma ukuzwa okuncane, ukuthi leli kungaba yihora lokuba omunye lapha kulezizethameli, lapha noma ezitezi eziphansi, kumbe noma bangaba kuphi, kwangathi bangaphendula, "Yebo, Nkosi, ngiyileyo encane edukayo ebisuke yaduka; nelwe yaLiphebeza, yonke impilo yami. Ngi—ngi—ngizwe ukuthi ngifanele ngize, kodwa namhlanje ngilenga ohlangothini lokwehlulwa. Angikwazi ukwenyuka noma ukwehla. Ngeke ngaya ndawo." O, kwangathi kungafika uMelusi wezimvu omkhulu, afinyelele phansi ngezandla ezithambile bese engenisa leyo eyodwa ngokuphepha, ayibeke phezu kwamahlombe aKhe bese eyibuyisa ngokuphepha.

75 Mhlawumbe ukhona oyedwa lapha, Nkosi, ogulayo, esimweni esifanayo, udokotela athe, "Akukho okungenziwa." Wazama kanzima ukuba ayitakule, kodwa akakwazanga ukuyitakula. Ingaphambili kude le kokuthi angafinyelela kuyo. A—ayikho into angayenza. Umuthi wakhe noma umese wakhe ungefike kuyo. Kodwa, O Nkosi, akukho lutho okukude kakhulu engalweni yaKho enkulu, neZwi laKho liyingalo yaKho. Ngakho siyakhuleka, Nkulunkulu Othandekayo, ukuthi, kulokhu ukusa, sisakhuluma kuWe, ukuthi Uzofinyelela phansi bese uqukula leyo egulayo futhi engenakuzisiza, lapho okungafinyeleli khona zonke izindaba zesayense, ikude nodokotela, kwangathi zingasindiswa. Siphe khona, Nkosi.

76 Njengoba sicabanga ngoDavide, njengoba anikezwa ukuphatha phezu kwezimvu ezimbalwa, ezimbalwa nje. Kodwa ngoluny'usuku kungena ibhere lase lithola leyomvu encane eyodwa lase liyayikhipha, futhi lalizoyidla liyiqede (njengomdlavuza obungadla umzimba), noma ibhubesi elikhulu. Kodwa uDavide, engahlomile kakhulu kangako ngesi—sibhamu, noma, engesiyo indoda yenkemba, kodwa kuphela ngendwayimana, waxoshana naleyomvu. Futhi ngenkathi ethola i—isilwane esasesizoyibulala imvu encane, wasibulala

ngendwayimana. Isikhali esincane nje esilula sinesiqephu sesikhumba nomucu, futhi, kodwa wayenokusethemba.

77 Asinasihlakaniphi esikhulu phakathi kwethu, Nkosi. Singabantu abalula nomkhuleko omncane olula, kodwa siyeza kulokhu ukusa sixoshana nezimvu zikaBaba. Lowo wesifazane ohambe imigwaqo, engowokuhawukelwa, ebhema osikilidi, ezama ukuthola ukuthula ngosikilidi; lowo wesilisa ohogele ingilazi futhi wazama ukuyibeka emuva, kodwa isitha simbambe samqinisa; lowomfana noma intombazane ezame ukwenza okulungileyo, ongenakuthola nje amandla ukuba agqashuke entweni engalungile; siza ngeGama leNkosi uJesu, ukubiza leyomvu kulokhu ukusa. Sisishaya indiva isitha; ngoba yinto elula, indwayimana, umkhuleko, kodwa sizela ukuzobuyisela leyo eyodwa esibayeni sikaBaba, ukuze siphendule ngalezozinto enikelwe esandleni sethu. Kwangathi amandla kaNkulunkulu manje angashaya ukukholwa, phansi ezinhliziyweni zabantu, futhi kwangathi lowomphefumulo olahlekile ungabuya kulokhu ukusa. Kwangathi izilingo zalokhu ukuphila angazixosha, udedelwe uhambe. Futhi kwangathi ungazithola uphephile emahlombe oMniniwo, uthwelwe ubuyiselwe ekuphepheni futhi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

78 UNkulunkulu anibusise nonke. Ngize nginibone kusasa, ngizobuyisela inkonzo kuMfowethu Shakarian. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

[UMfowethu Branham uqeda inxenye yesithathu—Umhl.]

☆ ☆ ☆ ☆ ☆ ☆ ☆

79 Lokhu, nge—ngethemba ukuthi nizo. . .ukuthi ngifumane omningi futhi umusa ebusweni bukaNkulunkulu naphambi kwenu, ukukholwa ukuthi bengizoma lapha ukuba nginitshele into ethize eyiphutha. Sengedlulile osukwini lwami lokuzalwa lwamashumi amahlanu-nesithupha, ngoluny'suku. Lona akusiwo nje uMlayezo wendoda endala. Ngikukholiwe lokhu kusukela ngisengumfana omncane. Futhi uma leli kungesilo iqiniso, ngibe ngumuntu oyisiwula kunabo bonke uNkulunkulu ayenabo emhlabeni. Nginikele impilo yami yonke ngalesisiZathu. Futhi mangisho lokhu ngobuqotho: ukuba nganginezimpilo eziyizinkulungwane eziyishumi, bengingeke neze ngiwushintshe umbono wami.

80 Manje, ukuphilisa kufinyelela kumuntu wonke. Khumbulani, ukuphiliswa kukini. UNkulunkulu wabeka isihlahla samapentshisi onke amapentshisi ayoke abe kuso, ngenkathi Esitshala eNsimini. Niyabo, uvele nje. . . isihlahla samapentshisi noma isihlahla sama apula, noma isihlahla sezithelo, nje sizofanele sikhule, ngokuphuza amanzi emhlabathini. Manje ngamunye wenu unalezozinto ezinokwenzeka kini, ukunikhulula, ngokuba nguNkulunkulu, lokhu senitshaliwe kuKristu ngombhaphathizo (hhayi

umbhaphathizo wamanzi), umbhaphathizo wokomoya. Awufiki ungene kuKristu ngombhaphathizo wamanzi. Ngombhaphathizo wokomoya!

81 Kusasa ntambama, iNkosi ithanda, ngikhuluma ngalokho, *kanjani* nokuthi *kuyini* ngempela ukusebenza kwaWo. Sinakho ntambama khona kungezukushayisana nanoma yiyiphi yezinkonzo zenu.

82 Manje bukani, ngamunye wenu lapha umi njengamakholwa, niyabo, khona-ke ukuPhila okwakukuKristu kukini. Kungenzeka, uma nje beningakubona!

83 Kungumsebenzi kaDeveli ukunigcina nivimbelekile kuLokho, ukunigcina niphuphuthekile. Anganiyeka nje niphuphuthekile, lokho kungukuthi, niyabo, anazi lapho eniyakhona ngaleyonkathi. Umuntu oyimpumputhe angeke asho ukuthi uyaphi, ufanele afune ukuqonda okuvela komunye umuntu obonayo. Size sikwazi ukuqonda, kufanele kubekhona omunye umuntu ozositshela ukuthi yini iQiniso.

84 Futhi uKristu wafela nina, futhi nitshalwe nisuswa ezweni nangena kuKristu. Futhi yonke into eniyidingayo ikini ngqo, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho akunjalo na? Manje into kuphela enifanele niyenze kunguqala nje niphuze kuLokho.

85 Futhi njengoba isihlahla siphuza, siqala ukuphushela ngaphandle amaqabunga aso, umqumbe waso, siphushela ngaphandle isithelo saso unyaka ngamunye. Isithelo asikho emhlabathini; isithelo sisesithonjeni. Bangaki abakuqondayo lokho, thanini "amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho, niyabo, isithelo sisesithonjeni, naso sonke isithombo sizofanele siphuze emthonjeni waso. Njengoba imvula yehla, inika lesosithombo, ukuphila, ukuba siphuze khona. Futhi, njengoba siphuza, siyakhula.

86 Futhi sikhula siya phezulu size sifike ekuqhakazeni okugcwele, njengoba nje iBandla linakho, ukuqhakaza kulonyaka.

87 Futhi, njengoba siphuza, siyakhula. Kodwa uma isithombo sala ukuphuza, khona-ke isithombo ngeke sakhula. Futhi uma nje nizokukholwa manje, umuntu ngamunye!

88 Kusobala, niyazi ukuthi iNkosi yenza kanjani, ikhombisa izinto ezehlukene, zalokho enikwenzile nalokho ebeningafanele nikwenze, kanjalonjalo, emhlanganweni. Besethemba ukuthi uMoya oNgcwele ubuzokwehlela phezu kwethu kulokhu ukusa futhi wenze okunjalo, njengoba besimi. Kodwa ngiqhubeke nokulinda.

89 Ngicabanga ukuthi kuyinxenye eshayisa uvalo, ukucabanga ukuthi ezitezi eziphansi bafuna siphume lapha, niyabo. Kodwa bayasifuna; sesileyithi manje.

90 Kodwa kholwani yilokhu, ngenhliziyo yenu yonke. Sizani nikwenze. Uma ngi—uma ngifumene umusa emehlweni enu, njengomuntu oneqiniso, kholwani yilokhu. Manje bekani izandla zenu phezu—phezu komunye nomunye.

91 Manje bukani, manje, iBhayibheli alishongo ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyolandela uWilliam Branham." Alishongo ukuthi, "Kuyolandela uOral Roberts kuphela." Alishongo ukuthi, "Kwakuzolandela uMfowethu Kopp," noma omunye umuntu.

92 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela," ubuningi, "abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." YilawoMandla kaNkulunkulu akini, aletha ukuPhila kumuntu obeke isandla sakho phezu kwakhe, umthombo onikeza ukuPhila kukaMoya oNgcwele.

93 Nkulunkulu othandekayo, eGameni likaJesu Kristu, kulesisikhathi esibucayi lapho ibandla . . . kwangathi bangama ngalomzuzwana, bengenavalo, futhi kwangathi aMandla avusa uKristu ethuneni, angaphilisa kubo njengamanje iQiniso leVangeli, ukuthi ukuthuma kukaJesu kwakungukuthi, uma be "beka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Kwangathi onke amandla amademoni, konke ukugula, zonke izifo, konke ukuhlupheka, yonke into ehluphanayo eyenzeke kubantu, kwangathi ingasuka njengamanje ngokukholwa. Njengabantu abakholwayo, sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

94 Manje phakamisani izandla zenu futhi niMnike udumo, uma nikholwa ukuthi Uyakwenza.

95 Nkulunkulu othandekayo, lengane izofa, Nkosi, ngaphandle uma kwenziwa lokhu. Ngiyalilahla leliqhubu, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi lingasuka kumntwana ongenacala. Amen.

Manje, odokotela bazamile, futhi bayehluleka. Kholwa nje.

*Oyedwa EsiGidini* ZUL65-0424
(One In A Million)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni, ngo Apreli 24, 1965, wokudla kwasekuseni kweNhlanganyelo yoSomaBhizinisi beFull Gospel eClifton's Cafeteria eLos Angeles, eCalifornia, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2006 ngabe:

ZULU

©2006 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

